basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**2022**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**BRAILLE**

**AMAMAKI: 80**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-39.**

**Imiyalelo yokumaka leli iphepha**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo.**`)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**
Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**
Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

## 'NGIZW' UTHANDO – JM Sikakane

- Ungasebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo. Izimpendulo zingahluka kuya ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-38.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyawuqonda umoya wenkondlo okuyisimo imbongi esuke ikuso uma ibhala/ihaya inkondlo kanye nokukhethwa kwamagama. Umoya wenkondlo kungaba owothando, owokukhathazeka, owokuhlukumezeka, owokubalisa njl. Umoya ugqanyiswa ukukhethwa kwamagama amagama acebile/anothile asetshenziswe imbongi enkondlweni. Umoya wale nkondlo uxubile ngokwamabinza, kunomoya wothando olumnandi kube nomoya wenjabulo wothando oluhlukumezayo.

**UMZIMBA**
**Ukukhethwa kwamagama acebile/anothile.**

- **Lungisa <u>kwezidephil'</u> iziziba-**kwezidephil' kusho indawo eshona phansi/phakathi kakhulu. Imbongi inomoya wokujabulela uthando olukhulu eluzwayo olujulile/okungeke kufinyelele muntu.
- **Lungisibekela ngenkung' ethe <u>khuhle</u> -** khuhle kusho ubumnyama obukhulu. Imbongi inomoya wothando olumnandi oluyivala amehlo.
- **<u>Lungidoba</u> lungiqhwebaqhweba -** ukudoba ukuyenga/ukubiza into ukuze isondele eduze. Ligqamisa umoya wokuhehwa wuthando luyiheha kamnandi.
- **<u>Lungintofoza</u> lunginwayanwaya-** ukuntofoza ukuthinta/ukubanjwa kamnandi. Imbongi inomoya wokujabulela/wokuncoma uthando olwenza kushise umzimba uthokoze.
- **Lungiphendul' <u>isiduphunga sansondo</u> -** isiduphunga umuntu owenza izinto ezinobulima zodwa. Imbongi inomoya wokukhathazeka indlela uthando oluyenzisa izinto engazithandi ayisakwazi nokuzilawula kepha isilawulwa wuthando. Lokhu kukhombisa ukungena shi othandweni.
- **Ngiqwash' ungiyoqwasha-**ukungakwazi ukulalala. Imbongi ayisafikelwa nawubuthongo ihlala icabanga ngalolu thando.
- **Lungiphaphathekisa <u>lungiphuphuthekisa-</u>**ukuphuphuthekisa ukwenziwa isilima. Imbongi igqamisa umoya wokubalisa/wokudideka owenza imbongi yenze noma yini ngenxa yothando.
- **Ngisho ngisebenza ungisind' <u>ungisithibeze</u> -** ukusithibeza ukungakwazi ukubona phambili. Imbongi inomoya wokubalisa/wokukhathazeka ngenxa yothando olwenza imbongi izizwe isindwa wuthando yehluleka nokubona okunye engabe iyakwenza ngenxa yokuba sothandweni.
- **<u>Lungiphehl'</u> enhliziyweni -** ukuphehla kusho ukugovuza/ukubelesela. Imbongi inomoya wokukhathazeka, ayisanakho ukuthula nokukhululeka seyihlale iphatheke kabi inosizi/inomzwangedwa.
- **Ngiyazinikela Kuwe, <u>ngiyathela</u> -** ukuthela ukuvuma into ngokuzinikela. Imbongi inomoya wokuncoma amandla othando, izibona ingasenamandla wokuphikisana nalolu thando eluzwayo.

- **Usungigolele kowakh 'umgodi' ojulileyo-**ukugolela kusho ukuvalela into ingakwazi ukuphunyuka. Imbongi ikhathazekile uma ibona kungemnandi seyingaphakathi kwalolu thando.
- **Umgodi' oyisimuk' esifuthelene ! -** isimuku indawo evalekile futhi ecinene**.**

  Imbongi inomoya wokugxeka imisebenzi yothando eseyenze imbongi yazithola isingene phakathi othandweni yangakwazi nokunyakaza/nokuzicabangela.

**ISIPHETHO/UVO LOMFUNDI**: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Imbongi isebenzise amagama acebile/anothile ukugqamisa umoya oxubile wale nkondlo.

[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.] **[10]**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**AKASEKHO – LTL Mabuya**

2.1 Isihlonipho.
Ugodukile/uhambile/akasekho

[Nikeza amamaki amabili uma esigagulile wasibhala phansi isifengqo] (2)

2.2 Imbongi ididekile/ ikhathazekile ukuthi lo muntu emthandayo izomfuna kuphi/ ayazi nokuthi izophuma ibhekephi ukuze imthole njengoba engasekho.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane okushiwo imbongi] (2)

2.3 Le migqa iqukethe umoya wokwamukela nokunxusa. Imbongi iyamukela ukuthi isithandwa sayo sesiyishiyile ngempela, icela ukuthi isithandwa sayo size siyikhumbule lapho sesikhona singakhohlwa yiyo.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze umoya] (2)

2.4 Imbongi isebenzise ifanamsindo u-'**s'** ngenhloso yokuletha umculo nomgqumo omnandi ukugcizelela indlela abebethandana ngayo bebambisane kulolu thando.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusebenzisa ifanamsindo] (2)

2.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa impindamqondo 'Akasekho, uhambile/besinaye manje' ukugcizelela/ukugqamisa ukuthi ishiywe isithandwa sayo ngokukhulu ukuzuma. Imbongi izibona isiphelelwe ithemba lempilo ingasakulungele ukuphila kulo mhlaba njengoba sesingekho isithandwa sayo. Ikhumbula nezinto abebezenza beqhutshwa yilona uthando. / 'Ngizomtholaphi…Ngizomthungathaphi?' impindamqondo isetshenziselwe ukugqamisa ukuthi imbongi kayazi ukuthi izombhekaphi /izomtholaphi lo muntu emthandayo.
[Nikeza amamaki amabili uma eveze impumelelo yembongi ekusebenziseni impindamqondo] (2)
**[10]**

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**UTHANDO – KNN Gcumisa**

3.1 Okwalolu thando kuyadumaza,
Ngalolu thando sebeyaziqhenya,
Ukuxhumana-maphakathi. /
Okwalolu thando kuyadumaza,
Ngalolu thando sebeyaziqhenya,
Ukuxhumana-siqalo.

[Nikeza amamaki amabili uma ekutomulile ukuxhumana washo nohlobo lwakho] (2)

3.2 Uhlobo lwesifengqo esigqanyiswe umugqa wesi-9 nowe-11 umbuzombumbulu. Imbongi izibuza ukuthi kungani intsha yenza uthando ngokungenalo iqiniso nenhlonipho.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane uhlobo lwesifengqo] (2)

3.3 Imbongi isebenzise isisho '…ngokuphanga umdaka' ngenhloso yokuxwayisa/ yokukhombisa isithombe sokungaziphathi kahle kwentsha ngenxa yokungena kwezothando singakafiki isikhathi.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokusebenzisa isimo sokukhuluma] (2)

3.4 Imbongi isebenzise isizura (isikhawu) ukubonisa ukuthi kufanele uphumule, iveza nokubalisa ngokungaphatheki kahle uma ibona izinto sezishintshile zingasenzeki njengakuqala lapho intsha yayinenhlonipho.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze ukusetshenziswa kwesizura (isikhawu)] (2)

3.5 Imbongi iphumelele kahle ekusebenziseni ithoni yendumalo/yokubalisa. Imbongi ithi idunyazwa/ibalisa ngokuthi abantu abasha badlala ngothando kanti esikhathini sakudala abantu abadala babengabukisi ngothando, babenothando lweqiniso bebahlonipha nabantu abadala.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngempumelelo yembongi ekusebenziseni ithoni] (2)

**[10]**

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**THUMELA UZAMCOLO NKOSI – BT Msimang**

4.1 Isenzasamuntu
Ukuba lisibusise ngenkazimulo

[Nikeza amamaki amabili uma esitomulile isifengqo waphinde washo nohlobo lwaso] (2)

4.2 Kuleli binza imbongi igqamisa ukuthi imvula inile kepha akubanga namehluko ngenxa yokuthi umhlabathi usale womile. Ithe ingayeka ukuna kwasuka izintuli ezinkulu ezenze abantu baxhopheke bagcine bengasaboni lutho.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane umqondo osobala] (2)

4.3 Imbongi isebenzise umfanekisomqondo wokubonakalayo/ wokuthintekayo 'olola ukucija kwameva' ukugqamisa umoya wokuncoma ukuthi nguMdali kuphela okwazi ukulawula imvelo ngisho nomuntu uqobo lwakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukuthi umfanekisomqondo welekelele kanjani ukugqamisa umoya webinza] (2)

4.4 Imbongi isebenzise isizura (isikhawu) ngenhloso yokukhombisa ukuphumula okuhambisana nokuzithoba kanye nokunxusa iNkosi ukuba ithumele imvula.

[Nikeza amamaki amabili eyivezile inhloso yokusebenzisa isizura (isikhawu) wasekela] (2)

4.5 Imbongi iphumelele kahle ekusebenziseni impindwa ethi 'Wena – wedwa, wena - wedwa!' egcizelela amandla kaNkulunkulu angelinganiswe namuntu. La mandla akwazi ukulawula izinto ezingelawulwe muntu njengokufika kwemvula nendlela abantu abangaphila ngayo.
.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile impumelelo yembongi ekusebenziseni impindwa] (2)
**[10]**

**KANYE**

## UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)

## UMZUZWANA OWODWA – EJ Mhlanga

5.1 Ngiph' umzuzwana owodwa nje,
Nom' umzuzwana kuwena
Ukuxhumana-maphakathi

[Nikeza amamaki amabili uma enikeze ukuxhumana washo nohlobo lwakho] (2)

5.2 Le migqa igqamise umoya wokucela/wokunxusa/wosizi. Imbongi isosizini, inxusa iNkosi ukuthi iyelekelele iphume ezinkingeni ekuzo zokungathandeki.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile kafushane umoya] (2)

5.3 Ukusetshenziswa kwe-injambamenti kukhombise ukuthi umqondo womugqa wesi-7 uphelele emgqeni wesi-8. Le migqa ingelekelele ukuba ngiqonde ukuthi imbongi ifisa ukunikwa amandla ukuze ikwazi ukubhekana nezinkinga eziyikhungethe njengoba ingalutholi usizo kwabakubo/emndenini wayo.

[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukuthi ukusetshenziswa kwe-enjambamenti kwelekelele kanjani ukuqonda imigqa] (2)

5.4 Imbongi isebenzise imvumelwano siqalo u-'**be'** ukuletha umgqumo nomculo omnandi nokugcizelela ukuhlushwa kwembongi abantu abaningi abangumndeni wayo/izihlobo ziyidicilela phansi /zifisa nokuthi ife.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze umsebenzi wemvumelwano] (2)

5.5 Imbongi iphumelele kahle ukugqamisa indikimba yenkolo/yomthandazo. Imbongi ifisa ukuthi iNkosi iyinike isikhashana sokufeza imisebenzi ebekelwe yona yize kunobunzima endleleni yayo kuze kufike usuku lokuhamba emhlabeni ikwazi ukubhekana neNkosi uma eseyibizile nekwenzile isaphila.

[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngempumelelo yembongi ekugqamiseni indikimba yenkondlo] (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

## INOVELI

## UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo kule noveli.

**UMZIMBA**
**UMHLENGI/UMAHLENGI**

**Unesibindi**

- Uphumela obala aphile njengomuntu wesifazane yize azi ukuthi bakhona abantu abangeke bakwamukele lokho.
- Uzishintsha ubulili yize azi ukuthi angabhekana nobunzima bokuthi hleze ukuhlinzwa kwakhe kungaphumeleli.
- Uya kuyise uNgidi ayomtshela ukuthi yena uyi*'gay'* yize azi ukuthi kungenzeka angakwamukeli.
- Ukhetha ukuhlukana noNdumiso engenze lutho olubi kuye yize ake wamsongela ngokuthi angambulala uma eke waqoma.

**Unezimfihlo/Akanazwelo**

- Akamtsheli uNontobeko ukuthi njengoba ethandana naye nje yena unemizwa yabantu besilisa.
- Uphinde ukhetha ukuhlukana noNontobeko akamtsheli isizathu sokuthi usendleleni eya eKapa uyoshintsha ubulili.
- Uthandana noXolani akamtsheli uXolani ukuthi yena waziguqula ubulili waphila njengomuntu wesifazane.

**UNONTOBEKO**

**Unothando**

- Akakwamukeli ukwaliwa nguMhlengi yize uMhlengi ekucacise bha ukuthi mabahlukane.
- Unquma ukushiya umshado wakhe noNkululeko ngosuku olwandulela olomshado ayofuna uMhlengi ngoba esanothando lwakhe.

**Unesibindi**

- Uhamba yedwa ebusuku esuka eThekwini ayofuna uMhlengi eGcilima.

**Unezimfihlo**

- Ugcina isithombe sikaMhlengi yize esethandana noNkululeko.
- Akamtsheli unina ukuthi uyokwenzani kuNkululeko ngosuku olwandulela olomshado, uvala nocingo lwakhe.
- Akamtsheli uNgidi ukuthi useyingoduso yomuntu futhi weqile ekhaya ngobusuku obandulele umshado.

**UNDUMISO**

**Unothando**

Ufisa ukulobola uMahlengi ngokushesha ngoba ebona sengathi uthando lwabo seluyantengantenga okungaholela ekutheni uMahlengi amale.

**Unesikhwele**

Ushaya uXolani ngenxa yokumsola ukuthi uthandana nentombi yakhe enguMahlengi.

**Unobugebengu**

- Ubuyela ebugebengwini ubamba uNgidi inkunzi ukuze athole imali yokulobola uMahlengi.
- Uziguqula igama uzibiza ngoMandlakapheli Buthelezi uma esafuna inombolo yocingo lukaNgidi, uphinde uzibiza ngoDlamini uma esefonela uNgidi.

**Unodlame**

- Uhlasela uXolani umshaya kabuhlungu ngenxa kaMahlengi.
- Udubula uNyambose, umbulala ngesihluku engone lutho.

**UXOLANI**

**Unguthathekile**

- Akayigxilisi ingqondo yakhe emhlanganweni wosomabhizinisi ngenxa wokuthathwa ubuhle bukaMahlengi.
- Ubonana noMahlengi efulethini lakhe yize ayeqala ngqa ukumbona ngalelo langa uze ucabanga nokufaka isehlukaniso noLungile.

**Akathembekile**

- Uqamba amanga utshele uLungile ukuthi ubanjwe wumsebenzi yingakho bengasayanga emcimbini.
- Akamtsheli iqiniso uLungile uma embuza ukuthi akalele ngani esequma nje, umtshela ukuthi ucabanga umsebenzi, uphinde umtshela ukuthi akamazi uMahlengi amphuphayo ucabanga ukuthi unenyongo.
- Uya kuMahlengi ngemuva kokushelwa yindlu, uqamba amanga kubazala bakhe uthi uya emaphoyiseni; akanalo uzwelo, ushiya uLungile ekhala.

**ISIPHETHO**: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle ukuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo abazithathayo eziveza ubunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo]

[Nikeza amamaki uma ohlolwayo ebhale i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha.] **[25]**

## UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1 UXolani uqwashiswa ngukuthi ulokhu ebona uMahlengi engqondweni yakhe futhi uphinde uba nomcabango wokuthi uyaqala ukuthanda umuntu wesifazane kakhulu kangaka.

[Nikeza amamaki amabili uma ezivezile izizathu] (2)

7.2 Umoya wentukuthelo/ wokukhathazeka. ULungile uthukutheliswa/ ukhathazwa nguXolani olokhu equma esola nokuthi umqambela amanga/ uvika ngokuthi ukhathazwa ngumsebenzi. Uphinde athukutheliswe / akhathazwe nguXolani ophupha aze abize igama likaMahlengi athi noma embuza ngoMahlengi amphuphayo impendulo kaXolani ingamgculisi uze umbheka kabi.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umoya wasekela] (2)

7.3 Indikimba yale noveli imayelana nothando, uXolani uzwa uthando olujulile lukaMahlengi akasakwazi nokulala/ uphupha bengcebeleka noMahlengi. UMahlengi naye wayengalele ngenxa yothando aluzwayo ukhumbula konke okwenzeke ngenkathi behleli noXolani behleka kamnandi sengathi kade bazana.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yothando kule noveli] (3)

7.4 Bobabili banothando olukhulu ngoMhlengi/Mahlengi. UXolani uthanda uMahlengi eqala ngqa ukumbona uze ufisa ukuthi ngabe akaganwanga, ukhohlwa umcimbi ayezoya kuwo noLungile nezingane zakhe, uphinda ushiya izingane zodwa zishe nendlu. uNontobeko wala uNkululeko ngenxa yothando ayesenalo ngoMhlengi owayemalile ngaphandle kokumtshela isizathu, uyofuna uMhlengi kubo kwaNgidi ngethemba lokuthi hleze babuyelane.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekunikezile okufanayo] (3)

7.5 Umbhali uhlose ukuqwashisa ngobungani obunemibandela. UMandla uthi angathola ukuthi uMhlengi uthanda abantu bobulili obufana nobakhe, akazange amamukele futhi ameseke njengomngani kepha waqoma ukumahlulela waqeda nobudlelwane babo beminyaka.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso ngokuveza ubudlelwane phakathi kwabalingiswa waphinde wasekela] (2)

7.6 La mazwi ayebikezela ukuthi uthando lukaNontobeko kuNkululeko alujulile njengoba la mazwi agcina efezekile ngoba kuthe ngobusuku obandulela usuku lomshado uNontobeko wahluleka ukuqhubeka nothando lwabo wanquma ukumala uNkululeko wayofuna uMhlengi.

[Nikeza amamaki amabili uma elichazile isu lokubikezela emazwini kaNontobeko] (2)

7.7 UNkululeko washayisa uNontobeko ngemoto wase emphuthumisa esibhedlela, wayelokhu emvakashela kwase kwakheka inhlansi yothando bagcina sebethandana. UNkululeko walobola uNontobeko ngokushesha yize uNontobeko emchazela ukuthi usathanda uMhlengi, kwathi ngobusuku obandulela usuku lomshado uNontobeko wamala uNkululeko okwaholela ekutheni azibulale.

[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile ngokulandelana izigameko/izehlakalo] (2)

7.8 Wawuzoba muhle ngoba uXolani wayengeke aqhubeke nokuthandana noMahlengi. Wayezokhulisa ibhizinisi lakwaMpanza mhlawumbe bagcine sebenothile. Wayengeke ashaywe nguNdumiso emshayela uMahlengi, wayengeke axabane noLungile futhi wayengeke ashelwe yindlu agcine eseshonelwe yizingane zakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela wanikeza isizathu]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka] (3)

7.9 Ngiyavumelana. Ngemuva kokulwa kukaNomthi noZakithi, uZakithi wakhwela itekisi wezwa emsakazweni esetekisini kucelwa usizo lomuntu ongaba nolwazi lwesigebengu esibambe inkunzi isigwili esinguNgidi. Waqonda ukuthi kukhulunywa ngoNdumiso ngoba imoto echazwayo ifana nekaNdumiso abeyigibele esuka e-Extension ngaseSeaslopes, wabikela abakwasidlodlo.

[Nikeza amamaki amabili uma evumelene/engavumelananga ngodweshu olwaholela ekuboshweni kukaNdumiso, wasekela] (2)

7.10 Umbhali uphumelele kahle ukwethula isingeniso esebenzisa isihloko esithi 'Ngaphambi Kwendaba' ngoba esingenisweni sethulelwa umlingiswa omkhulu onguMhlengi/Mahlengi esefulethini lakhe eThekwini kanye nesisusa sodweshu. Udweshu lususwa ukuthi emuva kokuthi uMhlengi esesithathile isinqumo sokuziguqula ubulili aphile njengomuntu wesifazane kwakumele ukuba ahambe ayochazela uNontobeko isithandwa sakhe kanye noyise uNgidi okwagcina kumxabanisa nabo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngokwethulwa kwesingeniso] (3)
**[25]**

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO:** Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo kule noveli.

**UMZIMBA:**
**UNOMVULA/U-MIRRIAM**

**Onothando**
- Uthandane noGenyeza yize ayemhlukumeza emphefumulweni ngokumbiza ngamagama angemahle njengoba ayembiza ngogogo onozwane futhi sekuphele iminyaka eminingi engamloboli.
- Uthanda uChule ekade emshiyile waya kumkakhe ayesehlukene naye.

**Okhohliseka kalula**
- Unquma ukulalela uSikiti ngenkathi emtshela ukuthi imali ayiwinile inebhadi ngakho-ke kufanele alikhiphe ngokupha abanye abantu enye yale mali, nangempela wakwenza lokho edlala uSkiti.
- Uhamba noChule ayohlala kwakhe ngoba emethemba uma ethi ungumfundisi ngakho-ke umvikela ezigebengwini.

**Onoxolo**
- Uxolela uyise uMeyili yize amphatha kabi, wamxosha nasemzini wakhe, uthi esenemali ayiwinile amthengele ukudla, amakhele nendlu.
- Uxolela uChule ngokucela ukuthi asindiswe yize uChule ezama ukumbulalala.
- Uxolela uMaHadebe nakuba uMaHadebe ayebazonda yena nonina uMaNdelu waze wazama nokubabulala.

**UCHULE**

**Unomona wemali/unenhliziyo engaphandle**
- Uqola abafelokazi izimali zabo zamafa.
- Uthatha uNomvula ehlangene noDaffo ngokwenza iqhinga lokuthi uDaffo azenze iphoyisa abophe uGenyeza.
- Wenza iqhinga lokuthola uNomvula ngokukhokhela uHlulintombi ukuze angabacebi kuGenyeza ukuthi usethatha uNomvula.

**Onesihluku**
- Uxosha inkosikazi yakhe uMaDludla emzini wabo ngoba egaqele ifa lomunye umfelokazi.
- Ukhipha umngani wakhe uDaffo ejele ukuze emjezise. Wamphathisa okwesigqila ngokumhlanzisa phansi esitolo embukisa nabantu ngoba esale washela uMirriam ngenkathi yena esesibhedlela.

- Akamsizi umngani wakhe uDaffo esikhundleni salokho umxabanisa nenkosikazi yakhe uNora ngokubhala incwadi azenze isoka layo lakudala uHK.
- Uthatha isinqumo sokuyobulala uNomvula emgwaqeni onewa ukuze angahlukaniselani naye emcebeni wabo njengoba ayesenqume ukuhlukana noNomvula ayesesola ukuthi kusengenzeka abuyelane noGenyeza.

**UMAHADEBE**

**Onomhobholo**

Uthatha isinqumo sokuphuca uNomvula imali ayiwinile ukuze kube ngeyakhe nendodana yakhe uMahuzu ngokuzama ukubulala umnakwabo onguMaNdelu kanye nokudlisa uNomvula umuthi ukuze ahlanye.

**Ongakhuzeki**
Uya kwaMasikhakhane ayofuna umuthi wokubulala uMaNdelu yize uMeyili azama ukumkhuza.

**ISIPHETHO**: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle ukuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo eziveza ubunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo]

[Nikeza amamaki uma ohlolwayo ebhale i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha ] **[25]**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 UMirriam ukhaliswa ukushona kukamfowabo kanye nokuboshwa kwesoka lakhe uGenyeza.

[Nikeza amamaki amabili uma ezivezile izizathu.] (2)

9.2 Umoya wokukhathazeka / wokuhoxeka. Uchule ukhathazwa ukungajabuli kukaMIrriam njengoba elokhu ekhale njalo ekhombisa ukukhathazeka ukushiywa ngumfowabo. Uphinde akhathazwe ngukuthi kungase kufike uNtshangase bengakathuthi bese ebaphazamisa.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umoya wasekela.] (2)

9.3 Indikimba yale noveli imayelana nomcebo owawufunwa uChule ngendlela yobugebengu. UChule uphuthuma ukulanda uNomvula ngoba efuna umcebo wakhe, ufuna ukuthi ashiye wonke amapotimendana namapulastiki akhathele ashiyele uGenyeza ngoba usenomcebo uNomvula. UChule ukhokhela uHlulintombi imali ngokumsiza ukumlayishisa izimpahla ukubalekisa uNomvula kuGenyeza.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yomcebo] (3)

9.4 Bobabili bakhohliseke kalula bathandana noChule emuva kokuba bathole umcebo. UMaDludla wathi angathola ifa lomyeni wakhe wase eyashada noChule, uChule wamthathela umcebo wakhe wagcina ehlukumezeka. UMirriam wathi angawina *I pik six* wase eshada noChule, wagcina ehlukumezeka. UChule wazama ukumbulala ukuze wonke umcebo usale ngakuye.

[Nikeza amamaki amathathu uma ekunikezile okufanayo] (3)

9.5 Umbhali uhlose ukuxwayisa ngenzondo phakathi kwemindeni. UMaHadebe ungumnakwabo kaMaNdelu. UMaHadebe akamjabuleli uMaNdelu uma uNomvula ewine imali eningi kepha uba nomhobholo ufuna ukubaphuca imali ngokumdlisa umuthi wokuhlanyisa uNomvula nokubulala uMaNdelu ngokumdlisa ushevu./ UMaHadebe ucabanga ukuthi uMeyili uzoxebuka kuyena anamathele kuMaNdelu ngoba esenemali.

Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso ngokuveza ubudlelwane phakathi kwabalingiswa waphinde wasekela] (2)

9.6 La mazwi abikezela ukuthi uthando lukaNomvula noGenyeza aluphelile/ angeke aphele amandla njengoba waqhubeka uGenyeza washaya uChule ngomculo. uChule wagcina efile emuva kokufuna ukubulala uNomvula, uGenyeza wabuya empilweni kaMirriam bathandana bagcina beshadile.

[Nikeza amamaki amabili uma ekuchazile ukubikezela emazwini omculo kaGenyeza] (2)

9.7 UMaHadebe wahlela noMahuzu ukuba aye eThekwini ayodlisa uNomvula umuthi nokubuya nencwadi yocingo. Kwathi uma efika eThekwini uMahuzu wayalela abangane bakhe ukuba badlise uNomvula. Ngenkathi besekamelweni likaNomvula, wakwazi ukulwa nabo wasizwa nanguChule. OMahuzu babaleka ngemoto, endleleni bama bashintsha inombolo puleti, kwaqhamuka iloli yabashayisa, bafa oMahuzu.

[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile ngokulandelana izigameko/izehlakalo] (2)

9.8 Wawuzoba muhle ngoba wayengeke esahamba noChule njengoba wayesola ukuthi uChule unesandla ekuboshweni kukaGenyeza. Wayengeke abhekane nokuhlukunyezwa nguChule owagcina esemhlasela efuna ukumbulala. Wayezombona uChule ukuthi uyisigebengu esifuna ukumqola imali yakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela wanikeza isizathu]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka] (3)

9.9 Ngiyavumelana. UChule wasola ukuthi kusengenzeka umshado wabo noMirriam uphele wase enquma ukuthi abulale uMirriam. UDaffo wavumela uChule ukuba amsize ekubulaleni uMirriam ngoba wayezomkhokhela njengoba uDaffo wayesezinkingeni zezimali. Wazama uDaffo ukubulala uMirriam ehlangene nezinye izigebengu. UChule wapitshizwa imoto. Kwaqhamuka amaphoyisa uDaffo waboshwa.

[Nikeza amamaki amabili uma evumelene/engavumelananga ngodweshu olwaholela ekuboshweni kwesibili kukaDaffo, wasekela] (2)

9.10 Umbhali uphumelele kahle ekwethuleni isingeniso sale noveli. Sithola umlingiswa omkhulu onguNomvula/Mirriam kanye nesisusa sodweshu. Udweshu lususwa ukuthi uNomvula uwina i-*pick 6* abefakelwe uBrenda amsebenzela endlini yakhe eThusini. UGenyeza isoka likaNomvula liba nomona liqale lidelele uNomvula, lizisole ukuthi kungani lingamlobolanga uNomvula ukuze kube ngumcebo wabo.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngokwethulwa kwesingeniso] (3)
**[25]**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo kule noveli.

**UMZIMBA**:
**UDUMAZILE**

**Unesimilo esixegayo**
- Uthandana nothisha eyingane yesikole uze uyakhulelwa esesikoleni.
- Udelela uMisi Hlophe kabi sengathi unguntanga yakhe kanti unguthisha wakhe.
- Uthandana noSithole yize azi ukuthi uSithole ushadelwe uze uthola uMtholephi okuyingane yesibili engashadile.
- Ubuyelana noMoloi yize eseshade noMtalaselwa uze umngenisa endlini yakhe ayithengelwe nguSithole.

**Unamanga**
- Uqamba amanga kubazali bakhe ngenkathi ebuya esikoleni ekhulelwe uthi kunesiteleka esikoleni.
- Uqamba amanga athi ngenkathi eye kudokotela noMaNdovela udokotela uthe ushodelwa yigazi kufanele adle imifino nesibindi kanti ukhulelwe.
- Uqambe amanga uma uSithole embuza ngephunga likagwayi ekamelweni lakhe. Uthi uMthivovo ubezocela ukokhela ugwayi kanti bayathandana.

**Unesihluku**
- Ushisa isitolo sikaSithole ngoba ethi akamlobolanga ngakho-ke uyazikhokhela.
- Akamemukeli uSithole endlini yabo yize azi ukuthi waya ejele ngenxa yakhe ngoba wehluleka ukukhokhela umlungu imoto eyayishayiswe nguye.
- Ushiya izingane ezincane zodwa uyabaleka ngoba esaba uMtalaselwa uyohlala eMgungundlovu ngemuva kokulwa kukaSithole noMoloi.

**USITHOLE**

**Akathembekile**

- Uthandana noDumazile yize esashadile noMaNzimande.
- Uhamba kwakhe ayohlala noDumazile engamlobolile uze umtholisa ingane bengashadile.

**Uyadelela**

- Uhamba aye kwaKheswa mathupha esetholise uDumazile ingane angabonisi inhlonipho ngokuthumela abakubo bayomhlawulela.
- Uya emzini wakhe ayewuthengele uDumazile oseshade noMtalaselwa.
- Ushaya uMoloi phambi kwezingane.

**Unesihluku**

- Ufaka isehlukaniso enkantolo afune ukuthi uMaNzimande nokumphuca indlu yize azi ukuthi selashabalala ikhaya lakwaNzimande.
- Ushiya uMaNzimande nengane yabo uMpisendlini bengenalutho ayohlala noDumazile, basala behlupheka.

**UMANZIMANDE**

**Unguthathekile**
Udelela uSithole ngenxa yokulalela uLizy omlethela izindaba ezimayelana noSithole noDumazile engenasiqiniseko sokuthi ziyiqiniso kangakanani okwagcina kubhidlize umendo wakhe.

**Uhlulwa yingcindezi**
Uthola umasihlalisane yize engakafaki isehlukaniso noSithole.

**Unesikhwele**
Udelela uSithole ngokumyalela ukuthi axoshe uDumazile kwakhe nasesitolo ngoba esola ukuthi bayathandana.

**UMOLOI**

**Ukathembekile**

- Uthandana noDumazile enguthisha wakhe uze uyamkhulelisa.
- Uthandana no-Miss Hlophe uze uyamkhulelisa engamshadanga.
- Uthandana nenye intombi yaseGoli uze uyayikhulelisa yize eshadelwe.
- Uphinde athandane noDumazile yize azi ukuthi useshadile.

**Unobugebengu**

- Ubalekela abazali bakaDumazile uma bezobika isisu esikoleni uyanyamalala emsebenzini, akamondli noLerato oyingane yakhe.
- Uphika ukuthi uyamazi uDumazile ngenkathi sebephinde behlangana ngemuva kweminyaka ngenkathi ezobachazela ngenkampani yakwa-*New Life*.

**ISIPHETHO**: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle ukuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo eziveza ubunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo]

[Nikeza amamaki uma ohlolwayo ebhale i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha.] **[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

11.1 Izizathu ukuthi imoto yayikhunyukelwe ngushafu eseMkhobeni yagijima nge-enkapleti futhi wakhanda kwaze kwasa ngaleyo ndlela akakwazanga ukulala ekhaya.

[Nikeza amamaki amabili uma ezivezile izizathu] (2)

11.2 Umoya wokucasuka/wentukuthelo. UMaNzimande ucasulwa/uthukutheliswa incazelo ayibonayo ukuthi ingamanga yokuthi uSithole angalali ekhaya ngoba uSithole ebuya ekilini kangaka. / Umoya wokukhathazeka/wokuzisola. Emuva kokuba uSithole edumise imoto wahamba wamshiya ekhala. UMaNzimande uyakhathazeka abe nokuzisola ngokuzibhidlizela umuzi ngokulalela amahlebezi ngoSithole noDumazile ayewezwe ngoLizy.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umoya wasekela] (2)

11.3 Indikimba yale noveli/isimilo esingesihle/esixegayo. USithole ushiya uMaNzimande akamtsheli ukuthi uyaphi, ugcina eselale kwaDumazile. Utshela uMaNzimande ukuthi ubehambise uDumazile, uma uMaNzimande eqhubeka nemibuzo unquma ukumshiya uMaNzimande ebe eyinkosikazi yakhe uyohlala noDumazile yize bengashadile.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yesimilo esingesihle] (3)

11.4 Bobabili banothando lokuthatheka/olungenasisekelo esihle kuDumazile. USithole wathi angaba nengane noDumazile wamthengela isithabathaba sendlu waphinda wakhokhela nengane, washiya uMaNzimande. UMtalaselwa uthandana noDumazile nakuba unina emtshela ngokungaziphathi kahle kukaDumazile, wamshada, washiya intombi enengane naye yakwaZungu.

[Nikeza amamaki uma ekunikezile okufanayo] (3)

11.5 Umbhali uhlose ukuxwayisa ukuthi ungabomthemba umakhelwane. UMaJwara uthi angathola ukuthi kunokungezwani emzini kaKheswa, uqamba amanga kuMaNdovela ukuthi uKheswa usemlolele imbazo yokumgenca. UMaNdovela wahlala eMbumbulu. UMaMjwara kwaba nguye osevakasha kwaMaNdovela ofisa ngisho ukwenzela umphako uKheswa ongumyeni kaMaNdovela.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso ngokuveza ubudlelwane phakathi kwabalingiswa waphinde wasekela] (2)

11.6 La mazwi abikezela ukuthi uthando lukaDumazile lusayoqhubeka noma ngabe bayahlukana njengoba kwathi sebehlukene iminyaka, nangempela kwathi uma behlangana baqhubeka nothando lwabo ababeluqale uDumazile esafunda isikole, uMoloi enguthisha wakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma elichazile isu lokubikezela emazwini kaDumazile] (2)

11.7 UMoloi wathandana noDumazile wagcina esemkhulelisile. UDumazile waxoshwa esikoleni wafika ekhaya kubo uDumazile wabika ukuthi ukhuleliswe uthisha uMoloi okwathi uma sebeyobika isenzo sikathisha oMaNdovela, uMoloi wathi angababona waphuma esikoleni wabaleka.

Uthishanhloko walubika udaba lukaMoloi lokukhulelisa uDumazile kumalungu omkhandlu owengamele isikole, uMoloi akazange aphinde abuyele esikoleni saseZenzele High School. Wamphelela kanjalo umsebenzi.

[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile ngokulandelana izigameko/izehlakalo] (2)

11.8 Wawuzoba mubi ngoba uSithole wayeyothatha imali yendlu uma sebefaka isehlukaniso noMaNzimande, ayidle ayiqede noDumazile. Wayeyothi angaphuma ejele abengundingasithebeni njengoba uDumazile ayesehlala noMtalaselwa emzini wabo./Wayengagcina ebuyele ejele ngoba wayengalwa noDumazile owayengagcina ngokumbophisa.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela wanikeza isizathu]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka] (3)

11.9 Ngiyavumelana. USithole wathi angathola uMoloi emzini wakhe balwa wamklinya, indaba yaphuma ephephandabeni okwaholela ekutheni uDumazile asabe ukubhekana noMtalaselwa wase ebaleka kwakhe eshiya izingane zodwa okwadingeka ukuthi uLerato ayeke isikole abheke izingane zakwabo.

[Nikeza amamaki amabili uma evumelene/engavumelananga ngodweshu olwaholela ekuphumeni kukaLerato esikoleni, wasekela] (2)

11.10 Umbhali uphumelele kahle ukwethula isingeniso sale noveli. Sithola umlingiswa omkhulu onguDumazile kanye nesisusa sodweshu. Udweshu lususwa ukuthi uDumazile ushelwa nguthisha uMoloi eyingane yesikole eZenzele High School. UDumazile uzondwa nguMiss Hlophe kanjalo omemu bahleba ngaye mayelana nale ndaba kaMoloi.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngokwethulwa kwesingeniso] (3)
**[25]**

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo kule noveli.

**UMZIMBA: UBAFANA**

**Akanabo ubuntu**
- Uxosha umalume wakhe uCele emzini wakhe ephuma kude eMpaphala ngoba ethi akekho ohlelweni lwakhe lweviki ayeseluhlelile. Umxosha yize azi ukuthi akanayo nendawo yokulala.
- Wala ukuthatha izingane zikadadewabo uLinono ngoba ethi uLinono kwakufanele athi uma eyogana ahambe nezingane zakhe.
- Akazani nomakhelwane bakhe eMlazi ko-BA kanye nokungasonti nabanye abantu abamnyama, ugxeka namasonto abo ngoba ethi awasigcini isikhathi.
- Weya abantu abadala njengoba ebiza uWilliamson ngomadala ngenxa yokuthi unesikhundla esiphakeme kunesakhe emsebenzini.

**Unobugwala**
- Ubaleka emzini wakhe, abhunguke ngenxa yokuthi uPoppie akamhloniphi weqa imiyalelo yakhe, uqhubeka nokuyofunda yize uBafana ekubeke kwacaca ukuthi angafundi.
- Akabhekani noPoppie njengoba ethengele izingane imoto engavumanga yena.
- Uyesula emsebenzini emuva kokuba uPoppie ethathe izincwadi zakhe zokuthuthukisa ulwazi lwakhe lomsebenzi ngoba enenhliziyo encane yobugwala.
- Ubaleka kwaMaMthunzi emuva kokusatshiswa nguNkebelele isoka likaPrisca ngoba esaba uMgwazeni omethembise ukumbulala uma engabophisa uPrisca.
- Uthatha isinqumo sokuzibulala ngoba ebona uPoppie ehamba nehwanqa emotweni wase enquma ukuyoziphonsa olwandle ihwanqa leli ngu-*Euthenasia.*

**UCELE**

**Unobuntu**
- Ukhulisa izingane zikadadewabo uQophitshe azikhulise azifundise, okwagcina ngokuthi uBafana aqhubeke nezifundo zakhe afunde agogode.
- Wamukela *u-Euthenasia* amfake isiphandla, umphathisa nomphako ngenkathi esebuyela e-La lucia.
- Ukhulisa izingane zikaMelody oZaneqiniso ukuze uMelody aqhubeke nokufunda.

**Uyaxola**

- Uxolela uBafana ngokuthi amemukele ngenkathi efika eMpaphala eseshaywe wumhlaba.
- Wemukela uMaMthimkhulu emzini wakhe yize azi ukuthi akabafuni abantu baseMpaphala futhi uyabeya.

**U-POPPIE**
**Akanabo Ubuntu**

- Wala ukuthatha izingane zasemzini oHlanganisani no-Uzithelile yize esecetshiswa ngumathiloni uMngadi.
- Uxosha uMaXakushe owayesemsebenzele iminyaka ekhulisa izingane zakhe ngenxa yokuthi ukhulume noBafana mayelana nokuntshontshwa kwemali yakhe *ngu-Euthenasia.*
- Ubukela phansi oHlanganisani no-Uzithelile ngenkathi beyogijima
- Uthatha isinqumo sokufuna ukudlisa oHlanganisani no-Uzithelile ukuze banganqobi emqhudelwaneni wokugijima.

**Unenkani**

- Akamlaleli umyeni wakhe uBafana yize emkhuza ukuthi akangaqhubeki nokufunda.
- Uthengela u-Euthenasia imoto yize engavumelananga noBafana.

**U-EUTHENASIA**
**Unobuqili**

- Akayihambisi imali kaMaxakushe yonke uma eyithumela ekhaya likaMaxakushe, ufunda into engekho ebhalwe encwadini evela kumndeni kaMaXakushe.
- Uthatha imoto ka-Miss Hawkins aye kobheka impilo ephilwa emalokishini akoMashu naseLindelani.
- Uphika ukuthi uyazana *noFarook,* uphika nokuthi izingubo ezibizayo wazithenga kepha uthi uphiwe ngumngani wakhe.

**Akalaleli**

- Uya eMpaphala ngaphandle kwemvume kaBafana noPoppie okungabazali bakhe.
- Akaxolisi uma uBafana emkhombisa izingubo angazazi ezikuwodilophi wakhe, embuza nangemali kaMaXakushe.

**ISIPHETHO**: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle ukuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo eziveza ubunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo]

[Nikeza amamaki uma ohlolwayo ebhale i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha.] **[25]**

## UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

## *IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi

13.1 Isizathu sokuqala wathi angeke ambize ngomkakhe ngoba akakwazi ukuthi ungumkakhe. Isizathu sesibili ukuthi sebehlale iminyaka engamashumi amabili bebizana ngamagama anguPoppie noBafana ngakho-ke ngeke kuthi sebehlukene bese beqala bebizana ngomyeni nomkakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma ezivezile izizathu.] (2)

13.2 Umoya wokuncenga/wenhlonipho/wokuzithoba/wokuzehlisa ngoba uPoppie ubiza umyeni wakhe uBafana ngomyeni kunokuba ambize ngegama. Ucela uBafana ukuthi abuyele ekhaya balungise izinto.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umoya wasekela] (2)

13.3 Indikimba yale noveli imayelana nobuntu nokungabi nobuntu. UPoppie ufika ukhombisa ubuntu emsebenzini kaBafana umbiza kahle ngomyeni wakhe. UBafana ukhombisa ukungabi nobuntu ukhumbuza uPoppie ukuthi akaze amkhombise ubuntu ngenkathi ehlala naye iminyaka engama-25 futhi washiya iBhayibheli aliphiwa ngunina kaBafana eMlazi.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yokuba nobuntu/yokungabi nobuntu] (3)

13.4 Bobabili banothando oluntengantengayo futhi bahlala noNgubane emzini yabo engabashadile uNgubane. UMaMthunzi uthando analo ngoNgubane luphela kalula ngenxa yokungakwazi ukubonisana mayelana nokulimala kwemoto kaNgubane. UMaMsibi uthando abenalo noNgubane luphela kalula ngenxa yokulimala kwemoto kaZabalaza.

[Nikeza amamaki uma ekunikezile okufanayo] (3)

13.5 Umbhali uhlose ukuqwashisa ukuthi abanye abaqashi abanalo uzwelo. UPoppie waxosha uMaXakushe ngemuva kokuthi etshele uBafana ukuthi u-Euthenasia untshontshe imali yakhe yize ayesemsebenzele iminyaka eyishumi nanhlanu akazange afune ukulalela uhlangothi lukaMaXakushe, akangamnika nethuba lokuyovalelisa ezihlotsheni zakhe ngaphambi kokuthi ahambe.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso ngokuveza ubudlelwane phakathi kwabalingiswa waphinde wasekela] (2)

13.6 La mazwi abikezela ukuthi u-Euthenasia uyogcina eseMpaphala nomkhulu wakhe uCele athole ukuphila impilo ehlukile kule ababeyiphila ekhaya kubo.

[Nikeza amamaki amabili uma elichazile isu lokubikezela emzwini ka-Euthenasia] (2)

13.7 UPrisca nesoka lakhe uNkebelele batshontsha imoto kaJonny (Bafana) baya ngayo edolobheni okwathi sebebuya yaginqika imoto. UJonny (Bafana) wenqatshelwa nguMgwazeni ukuthi ayobabophisa wasongela uJonny (Bafana) ngokuthi uzombulala, lokho kwaholela ukuthi UJonny ahambe kwaMaMthunzi eMadadeni.

[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile ngokulandelana izigameko/izehlakalo] (2)

13.8 Wawuzoba muhle ngoba uBafana wayezofunda ukuzithoba, umndeni kaNgubane wawungabuyisana, ubonisane njengoba uPoppie wayezama ukuba bakhulumisane noNgubane. UBafana wayengeke abhunguke iminyaka achithe nemali ngokuphuza utshwala ezama ukugwema izinkinga/Wayengeke elokhu ehlala nomasihlalisane oMaMthunzi noMaMsibi.

[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umphumela wanikeza isizathu]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukeleka] (3)

13.9 Ngiyavumelana. Ngemuva kokuthi uBafana ethole amaqiniso mayelana nengqephu eyayithengwa u-Euthenasia ayeyithenga kuFarrok wabikela uPoppie owavuna u-Euthenasia. U-Euthenasia akakuthandanga ukubuzwa ngokweba kwakhe imali kaMaXakushe okwaholela ekutheni eqe aye eMpaphala.

[Nikeza amamaki amabili uma evumelene/engavumelananga ngodweshu olwaholela ekweqeni kuka-Euthenesia, wasekela] (2)

13.10 Umbhali uphumelele kahle ukwethula isingeniso sale noveli. Sithole umlingiswa omkhulu onguNgubane kanye nesisusa sodweshu. Udweshu lususwa ukufika kukaNjini Cele ezocelela izingane zikaLinono indawo yokuhlala emzini kaBafana oseMlazi ko-BA. UBafana utshela uCele ukuthi akabuye esemhlelele isikhathi sokukhuluma naye.

[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngokwethulwa kwesingeniso] (3)
**[25]**

**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-esseyi.

**ISINGENISO**: Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo kulobu buciko bomlomo.

**UMZIMBA**
**UMdali**

**Unamandla phezu kwabantu nendalo**

- UMdali wenza izinto ezithile ezikhombisa amandla anawo phezu kwabantu nendalo.
- UMdali wayebakhulisa abantu baze babe badala futhi bengafi bekujabulela lokho.

**Unothando**

- UMdali ekubona ukujabula kwabo wathatha isinqumo sokuba athole isilwane esizohambisa umyalezo wakhe kubantu.
- UMdali uthuma unwabu ukuthi alugijime ngejubane lufike lutshele abantu ukuthi uMdali uthathe isinqumo sokuthi uyababona indlela abajabule ngayo ngakho-ke ubabonga ngokuthi bazophila unomphela akekho umuntu ozofa.

**Uyakhathazeka**

- UMdali uyakhathazeka ngokungabuyi konwabu, unquma ukutshela izinduna zakhe ukuba mazimtholele isilwane esiphume isibili ngenkathi zihlungwa azisothuma ukuba sihambise umyalezo wakhe ebantwini.

**Uyathukuthela**

- UMdali uthuma intulo ukuba ihambe iyotshela abantu ukuthi usenqume ukuthi sebezokufa kusuka namuhla.
- UMdali wathatha leso sinqumo ngoba esefuna ukuba isibalo sabantu sibe esilingene emhlabeni.

**Uyaxwayisana**

- UMdali wanquma ukuxwayisa intulo ukuba ingahambi kancane njengoba kwenze unwabu.

**Uyajezisana**

- UMdali wathatha isinqumo sokujezisa unwabu ngokuthi lona nenzalo yalo luzohamba ngokugema lusikaze uma lunyathela ngoba aluthembekanga.

**Uyabongana**

- UMdali wathatha isinqumo ngokuklomelisa intulo ngokuthi izogijima kakhulu

  futhi izokwazi ukuhamba emadwaleni nasemthini ukuze izivikele ezitheni.

**Unwabu**
**Uthanda izinto/luyahala**

- Unwabu luvezwe njengomlingiswa othanda izinto/ohalayo lunquma elikuthandayo.

- Emuva kokuba uMdali enikeze unwabu umyalezo wokuba luyotshela abantu ukuthi abasoze bafa, lwagijima kakhulu unwabu lwaze lwafika emafusini lapho lwezwa iphunga lobukhwebezane lwabuhalela. Lwathatha isinqumo sokuthi angeke lushiye ubukhwebeza neselubutholile ngoba kungenzeka luthi lubuya bube bungasekho lokho kwakukhombisa ukuhala.

**Akathembekile**

- Unwabu lwathi bazowuthola umyalezo abantu abake bathi ukuma kancane lufuna ukuzijabulisa nalo lokho okwakukhombisa ukungathembeki njengoba luthunyiwe nje.
- Lwahlala unwabu lwazitika ngobukhwebezane lwaze lwacambalala ngesisu lusibohlisa.
- Emuva kwezinsuku unwabu selusuthi lwanquma ukuba luhambe luzidonsa lusuthi kakhulu seluya emhlabeni luyohambisa umyalezo wokuthi abantu bazophila unomphela akekho ozokufa.
- Abantu baluhebeza unwabu beluxosha bethi bona babambe elentulo lwahamba luzuhudula selunamahloni ngezinqumo elazithatha lokungazilaleli iziyalo zoMdali.

**KANYE NE**

**ZIBONGO:** UDkt Sibongile Zungu

**Uthanda intuthuko**

- UDkt. Sibongile Zungu uvezwe njengomlingiswa othanda intuthuko esizweni sakhe kanjalo nezinqumo zakhe ayezithatha zazikhombisa uthando ayenalo ngesizwe sakhe ayesihola.
- Ziningi izinqumo ayezithatha UDkt. Zungu njengenkosi ezenza ukuba isizwe ayesibusa siyibone indlela nokukhanya.

**Uyabekezela**

- Wabekezela ngenkathi abasemzini babemdelela bengamfuni lokho ukuba athathe isinqumo sokuba ehlise umoya athathe leli thuba lokubusa nokuhola abantu bakhe ngobumbano.

**Unothando**

- UDkt. Zungu wathatha isinqumo sokuphatha isizwe sakhe ngothando, asithuthukise ukuze sibe nokuthokoza.

**Uphokophelela phambili**

- UDkt Zungu wathatha isinqumo sokuba angabuyeli emuva aphikelele phambili kulokhu ayekuhlosile kokuthuthukisa isizwe ukuze abantu bakhe bazozuza ngentuthuko ayeyilethe esizweni sakhe.

**ISIPHETHO**: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali usebenzise kahle ukuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo ukuze kuvele ubunjalo babo.

[Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo ngokuvezwa kwabalingiswa ngezenzo zabo]

[Nikeza amamaki uma ohlolwayo ebhale i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**IZINGANEKWANE: 'Ingwenya edla utshani'**

15.1 Ompompi/amapayipi.

[Nikeza imaki elilodwa uma enikeze okwakukhombisa impucuko] (1)

15.2 Ingwijikhwebu etholakala kulesi siqeshana yenzeka lapho uMazinyo eseconsa amathe ebona impala ililetha emfuleni, kwavela inkawu ngenkathi impala isathi ilethela ingwenya igatsha. Inkawu yaxwayisa impala ukuthi mayiyekele lelo gatsha ingasondeli yiyona ezojikijelela ingwenya. Yasinda kanjalo-ke impala engwenyeni.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane ukusetshenziswa kwengwijwikhwebu] (2)

15.3 Umxoxi usixoxela le nganenkwane ngenhloso yokusikhombisa ukuthi basekhona abantu abafana nenkawu nempala ngokuba nobuntu. UMazinyo wayecabanga ukuthi uhlakaniphile uzozitholela kalula inyama kanti inkawu yamhlakaniphela kuqala wangaphumelela ekudleni impala.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka] (2)

15.4 Ngiyazwelana ngoba impala ibikhombisa ubuntu ngokusiza ingwenya njengoba yayicabanga ukuthi isishintshile isidla utshani njengokusho kwayo kanti iyayilutha.

[Nikeza imaki elilodwa uma ekhombise ukuzwelana/ukungazwelani wasekela] (1)

15.5 Umxoxi usebenzise isu lokujeqeza emuva ngenkathi ingwenya ihlulekile ukuthola inyama yenkawu ngakho-ke yathi uma ibona impala yakhumbula ukuthi ingawasebenzisa amazwi enkawu ukuthola inyama yempala ngokuzenza umuntu osedla utshani.

[Nikeza amamaki amabili uma exoxe ngesu lokujeqeza emuva] (2)

15.6 Imbangela yodweshu lwangaphakathi kuVelaphansi ukuthi wayesephelelwe amahlaya azowaxoxela iNkosi noma ethi uyawacabanga engafiki engqondweni yakhe futhi kwakungafanele adlale ngezindlebe zeSilo.

[Nikeza imaki elilodwa uma echaze imbangela yodweshu] (1)

15.7 Ubudlelwane obukhona phakathi kwesisho nehlaya ukuthi isisho sichaza ukudelela njengoba uVelaphansi wadelela iSilo ngokwenza ihlaya ngamaqaqa anukayo.

[Nikeza amaphuzu amabili uma evezile ubudlelwane phakathi kwesisho nehlaya] (2)

15.8 Okufanayo ukuthi bobubili lobu buciko bomlomo bugqamisa umlando wokulwa. Enganekwaneni kuxoxwa ngokuhlaselwa nokufa kwabantu abangenacala ngokuyalelwa nguShaka kanjalo nakuleli hubo kunamabutho aholwa induna ehaya ihubo lempi uma eyohlasela.

[Nikeza amaphuzu amathathu uma eqhathanise inganekwane nehubo] (3)

15.9 Ngiyavumelana ngoba kokubili kuthinta okaNdaba noShaka. UShaka ungowozalo lukaNdaba kanjalo nezithakazelo ziyamthinta uNdaba.

[Nikeza imaki elilodwa uma evumelene/engavumelananga nombono wasekela] (1)

15.10 Isihlahla
Isingathekiso, babiza uGcina ngesihlahla somdlebe.

[Nikeza amamaki amabili uma egagule isifengqo washo nohlobo lwaso] (2)

15.11 Imbongi ithi izithelo zalesi sihlahla azipheli futhi uma abantu bedla zona abaneliseki bafuna ukuzidla njalo futhi bathanda ukuhlala ngokukhululeka baphumule ngaphansi kwaso isihlahla bangasuki.

[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane umqondo osobala] (2)

15.12 Imbongi ihlose ukuletha umculo nomgqumo omnandi ukugcizelela imisebenzi emihle yokuqamba izinganekwane eyenziwa uGcina Mhlophe owathola ulwazi eLandani naseThekwini.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela] (2)

15.13 Le migqa igqamisa umoya wokuncoma ovela kulezi zibongo. UGcina Mhlophe uthi ethi engowakwaMhlophe ngokwesibongo iphinde nemisebenzi yakhe ibe mihle, ithakaselwe ezweni lakuleli nasemazweni aphesheya.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umoya wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukela] (2)

15.14 Lesi saga sisetshenziswe ngokuyikho ngoba sigqamisa imisebenzi emibi kodwa imbongi isisebenzise lesi saga yasihlenekezela ukuveza imisebenzi emihle kaGcina kungathi kanasici.

[Nikeza amamaki amabili uma ephawule ngekhono lembongi ekusebenziseni isaga] (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B**: **[25]**

## ISIQEPHU C: UMDLALO

## UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

### *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo**.**
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**:
Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lwamabanga esakhiwo somdlalo okuyisethulo, ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka, uvuthondaba nesiphetho.

**UMZIMBA**:

**Isethulo**

Lapha sethulelwa umlingiswa ongummeleli uMdaluli Memela ekhaya lakhe kwaChappies, ebhekene nenkinga yokudilizwa emsebenzini.

**Isisusa sodweshu**

- Iphupho aliphuphile lesiphepho elimxakayo angakwazi ukulichaza. Leli phupho uze ulixoxela umngani wakhe uMbhebhezeli. Iphupho elibi elibikezela inhlupheko ezofika.
- Emuva kwalokho useyadilizwa emsebenzini ngenxa yokuthi ifemu abesebenza kuyona isibuyela phesheya.

**Ukubhebhetheka kodweshu:**

- UMdaluli emuva kokuphelelwa umsebenzi, uzama imizamo yokuziphilisa ngokuvuselela ikhono lakhe lokwakha izindlu.
- UChivenga ikwerekwere elakha izindlu libize kancane lishela uHlengiwe ngenkathi elindele isoka lakhe uManqina.
- UChivenga unxusa umsebenzi woMnyango wezaseKhaya uHeshane ukuba benze umgunyathi wokumshadisa noHlengiwe engazi ukuze athole ubuzwe baseNingizimu Afrika.
- UMdaluli uthola ukuthi ubhekene nesikweletu esiyizinkulungwane ezingama-30 000 zamarandi ekolishi okufunda kulona uLondiwe.
- UMdaluli uba nolaka uma ethola ukuthi uChivenga usemthathele umsebenzi wokwakha emzini wakwaSaziwayo Khuzwayo ngenxa yokuthi uMdaluli ufike ngemuva kwesikhathi waxoshwa wanikezwa u-R50.

**Isixakaxaka:**

- UMdaluli uba nodlame emzini wakhe, ukuthula noxolo kuyaphela.
- UMdaluli uhlukumeza umkakhe uMaMlanduli ngokuqophisana naye, wala ukudla aphakelwe kona ekhaya.
- UMdaluli ufuna indabandaba ngenkani uze ushaya inkosikazi yakhe uMaMlanduli phambi kwezingane.

- ULondiwe indodakazi yakhe imbizela amaphoyisa, uyaboshwa.
- UMdaluli wenza isu lokuncenga uLondiwe ukuthi esule icala.
- UChivenga uyagula uze ulaliswa esibhedlela.
- UMbhebhezeli utshela uChivenga esesibhedlela ukuthi uyamazi umuntu omthakathile.
- UHlengiwe uvakashela uChivenga osanda kuphuma esibhedlela, umxoxela ngenkinga anayo yepasi osekuze kwaba amahlandla amathathu libuya linamaphutha okubhalwa isibongo sikaChivenga.
- UChivenga ucela uHlengiwe ukuba angabe esalishintsha ipasi lakhe, bayavumelana.
- UMdaluli uphuma ejele uqala ukuhlukumeza izingane uze uzixosha ngesibhamu.
- Izelamani zakwaMemela zibikela uZenyezile onguSonhlalakahle emahhovisi ezenhlalakahle ngenkinga kanina uMaMlanduli ongafuni ukuthathela uyise uMdaluli izinyathelo zomthetho
- UMdaluli ulalela uChivenga unyendle ehlathini laseMphekandlubu efokozini lotshani obude umgokloza umhlane ngemolontshisi umgqema nengozi ekhanda, uphinda uyaboshwa futhi.

**Uvuthondaba:**

- UMdaluli ngenkathi esejele ucela ukubizelwa abantu abonile ukuze axolise kubona.
- Ucela uxolo emndenini wakhe ngodlame lwasekhaya ayelubhekise kuwona, bayamxolela.
- Ucela uxolo nakuChivenga ngokucishe ambulale.
- UChivenga uyamxolela uze uyalesula icala.

**Isiphetho:**

- Lo mdlalo uphela ngopholavuthondaba.
- UMdaluli uphuma ejele uthatha iholide uya eSudan.
- UZenyezile wazisa umndeni kaMdaluli ngokuzamazama komhlaba eSudan, akwaziwa ukuthi uMdaluli usindile kulokho kuzamazama komhlaba eSudani.

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**:

Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa wonke amabanga esakhiwo ukukhulisa indaba yakhe isuka esingenisweni lapho ethula ummeleli yaze yafika esiphethweni ngokuthola umsebenzi.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo ezihambisana namabanga esakhiwo.

[Nikeza amamaki uma ohlolwayo ebhale i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha ulekelelwa irubrikhi]

**[25]**

## UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

## *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

17.1 Umlandi usitshela ngendawo, uMdaluli uhlasela uChivenga ehlathini laseMphekandlubu. Lokhu kwenzeka nje uChivenga uyazihambela akanakile ukuthi kukhona umuntu osemhlasela.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umsebenzi womlandi ngokwenzeka enkundleni yokudlalela] (2)

17.2 Umyalezo odluliswa yilesi siqeshana uthi akumele ube nodlame kwabanye abantu ngoba lokho kungagcina kukufake enkingeni njengoba uMdaluli eshaya uChivenga ebe azi kahle ukuthi uChivenga akamenzanga lutho.

[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umyalezo wasekela] (2)

17.3

- UMdaluli ulwisa uChivenga uthi usuka ezweni lakhe ukuzomphuca isinkwa, umgokloze emhlane.
- UChivenga udelela uMdaluli umbiza ngechalaha ngenkathi emshaya.
- UMdaluli adinwe uqhubeka nokugqema uChivenga ingozi.

[Nikeza amamaki amathathu uma elufingqile udweshu] (3)

17.4 UMdaluli uphupha abantu besilisa abampisholo bekhuluma ulimi olungaqondakali, beliqhamukisa eNyakatho yakuleli lengabadi. Athi esabuka lokho bavele baphelele emehlweni angabe esazi ukuthi baphelelephi. Emizuzwini embalwa aphazanyiswe isiphepho esinamandla, linqamuke iphupho.

[Nikeza amamaki amathathu uma exoxe kafushane ngephupho] (3)

17.5 Bobabili bayizisebenzi ezisiza ukuvikela umphakathi kodwa ngezindlela ezingefani. UZenyezile ungusonhlalahle owenza umsebenzi wakhe ngokuzikhandla. Wakwazi ukusiza oLondiwe uma behlukunyezwa nguMdaluli waphinde wanika uLondiwe ulwazi lokuthi angaqhubeka kanjani nemfundo. Kanti uHeshane usebenza emnyangweni wezasekhaya, wenza izinto ngobugebengu. Uhlangana noChivenga ushadisa uHlengiwe noChivenga ngobuqili aguqule isibongo epasini lakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ngokuvezwa kwabalangiswa ngokwezenzo zabo] (3)

17.6 Wawuzoba mubi ngoba wayengaqhubeka nokuhlukunyezwa nguMdaluli, agcine ebalekele ikhaya, angaqhubeki nezifundo zakhe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka.] (2)

17.7 Inhloso yombhali ukuqwashisa ukuthi abantu besimame nezingane kanye nabokufika mabangahlukunyezwa/mabangathuli kodwa ababike emaphoyiseni nakwabezenhlalakahle njengoba uMdaluli ayehlukumeza umndeni wakhe kanye nomuntu wokufika onguChivenga.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wesekela] (2)

17.8 Lesi siqeshane siveze ithoni yendelelo/yentukuthelo. UChivenga ubiza uMdaluli ngenja njengoba ecabanga ukuthi umshaya engenzanga lutho futhi akakwazi nokuzivikela.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyichazile ithoni wasekela] (3)

17.9 Asamukelekile. UMbhebhezeli wayengumngani kaMdaluli futhi kunguye owayeqhamuke necebo lokuthi uMdaluli akamthakathe uChivenga. Ngako-ke uMbhebehzeli ukhombisa ukungabi umngani oqotho kuMdaluli ngokusuka avakashela uChivenga esibhedlela amtshela ukuthi uyamazi umuntu omthakathile.

[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukuthi uyasemukela/akasemukeli isenzo sikaMbhebhezeli, wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

17.10 Ngiyazwelana ngoba uMaMlanduli wayengasebenzi enezingane njengoba kwakungelula ukuthi ambophise uMdaluli futhi ashiye ikhaya lakhe. Ngangingabika emaphoyiseni nakosonhlalakahle ngiphinde ngilubike udaba emndenini kukhulunyiswane.

[Nikeza amamaki amathathu uma ezwelana/engazwelani nomlingiswa wasekela bese eveza ukuthi wayengenzenjani.]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
**[25]**

**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni
- Sebenzisa irubrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi

**ISINGENISO**:
Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lwamabanga esakhiwo somdlalo

okuyisethulo, ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka, uvuthondaba nesiphetho.

**UMZIMBA**:

**Isethulo**

Lapha sethulelwa umlingiswa ongummeleli uSalimani, oyinkosi yakwaGcumisa. Uhulumeni uthumela uZithulele ukuba atshele uSalimani ngodaba lokuklanywa kabusha kwemingcele yendawo yesizwe enkantolo eMshwathi.

**Isisusa sodweshu**

- Ukumenywa kukaSalimani nguZithulele eMshwathi ukuba azomchazela ngemingcele nokuthi uhulumeni usefuna ukuba ihlelwe kabusha imingcele.

- USalimani ushaya phansi ngonyawo uthi ngeke kwenzeke lokho ngoba izwe ngelabantu bonke hhayi abelungu.

**Ukubhebhetheka kodweshu:**

- UZithulele noHulumeni baqhubeka nesinqumo sabo sokuklama kabusha imingcele.
- Ukungabi nandaba kukaHulumeni uma uSalimani, abafowabo, izinduna nesizwe sakhe bezama ukubamba imihlangano eyahlukene ukuze babonisane.

**Isixakaxaka:**

- USalimani uthola ukuthi enye yezinduna zakhe, uMphiliphili, iyimbuka ihambisana nabelungu bamapulazi.
- UMphiliphili ufaka ubhontshisi omhlophe ngosuku lokhetho okwakuwuphawu lokuhambisana noHulumeni.
- Ngemuva kokuhlawula uMphiliphili utholakala ehamba nabantu bakaMgqabula basemapulazini abazohlasela abantu benkosi uSalimani kwaMcondo.
- Ukhuza kuphela amabutho kaSalimani ngenkathi kuliwa. Inkosi uSalimani ungummangalelwa ecaleni labantu bayo abahlaselwe abakaMgqabula.
- Ithola isigwebo esiyiphuca uMngeni, uMkhabela noVimbingwenya.
- UNomehlo uyaboshwa ngoba uhubise wavivisa amabutho, ugwetshwa izinyanga eziyisithupha edonsa kanzima ejele.

- Amabutho agwetshwa izinyanga ezintathu, isigwebo silengiswa izinyanga eziyisithupha, kumele angatholakali enecala.
- Inkosi uSalimani iphucwa izwe ngeqhinga likaHulumeni lokuthi ammangalelwe ecaleni ayengathintene nalo lokulwa kwabantu bakhe nabakaMgqabula

**Isiphetho:**

**Uvuthondaba:**
Inkosi uSalimani udlulisa icala ulisa eMgungundlovu emajajini. Ijaji uMandiza liyithola ingenacala inkosi uSalimani, limbuyisela umhlaba wayo. UNomehlo ame qekelele ahashe iNkosi.

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**:
(Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa wonke amabanga esakhiwo ukukhulisa indaba yakhe isuka esingenisweni lapho ethula ummeleli onguSalimani inkinga abhekene nayo iyaxazululeka esiphethweni. UHulumeni utholwa enecala lokuthatha imingcele yeNkosi uSalimani,

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo ezihambisana namabanga esakhiwo.

[Nikeza amamaki uma ohlolwayo ebhale i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha ulekelelwa irubrikhi] **[25]**

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

19.1 Umlandi usitshela ngendawo. Amabutho nabantu bakwaVimbingwenya bahleli ebusuku baphuza utshwala, baneme. Bazoqedela udaba lomthakathi okwakuthiwa uhlala emhhumeni phezu koMngeni.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umsebenzi womlandi ngokwenzeka enkundleni yokudlalela] (2)

19.2 Umyalezo odluliswa yilesi siqeshana othi akumele usukele abanye abantu bengenzanga lutho ngoba ungangena enkingeni njengoba abantu basemapulazini basukela ngokuhlasela amabutho kaSalimani kwagcina kufe bona/behluliwe.

[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umyalezo wasekela] (2)

19.3
- Ukufika kwabantu bakwaMgqabuli behlasela amabutho kaSalimani.
- Amabutho kaSalimani adumela izikhali zawo ashaya, agwaza abantu basemapulazini
- UNomehlo utholakala eselwa noMphiliphili ngoba ehambisana nantu bakaMgqabuli.

[Nikeza amaphuzu amathathu uma elufingqile udweshu] (3)

19.4 Abelungu bafika bacela indawo yokugoba amadlangala, baqala ngokumisa amatende kaseyili, kwalandela izindlwana zodaka. Bathi uma bebuzwa ukuthi bayithathephi imvume yokwakha izindlu zodaka bathi amatende ayanetha. Baqhubeka bakha izindlu zamatshe ngaphandle kwemvume okwathi uma bebuzwa bathi izindlu zosalela abantu uma sebehamba. Abaphindanga bahamba.

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane ngokuthatha izwe lamaZulu ngabelungu] (3)

19.5 USalimani wayeyiNkosi eyayinobuhlakani nobuchule, wayefuna uMphiliphili ahlawule ngesenzo sokungathembeki ukuze amxolele aqhubeke nokuba induna yakhe. Kanti abafowabo babe nolaka bengafisi uMphiliphili axolelwe ngokuhlawuliswa nje futhi bebona inhlawulo incane kakhulu babefuna abulawe kabuhlungu ngokujojwa.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ngokuvezwa kwabalangiswa mayelana nokujeziswa kukaMphiliphili]

(3)

19.6 Wawuzoba mubi ngoba kwakungeke kube khona ukuthula phakathi kukaSalimani nabelungu bamapulazi okwakungaholela ekutheni kuchitheke igazi kufe abantu abaningi bakaSalimani.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wasekela] (2)

19.7 Inhloso yombhali ukukhombisa umlando wokuthi abelungu babelithatha kanjani izwe ngobuqili njengoba uZithulele nguyena ongundabazabantu osiza uHulumeni ukuthi aklame imingcele yendawo kaSalimani ngobuqili.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wesekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

19.8 La magama aveze ithoni yentukuthelo. UNomehlo uthukuthelele ukubona uMphiliphili evikela abantu basemapulazini njengoba beshaywa ngamabutho kaSalimani.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyichazile ithoni wasekela] (3)

19.9 Asamukelekile. UMphiliphili wayengenye yezinduna zeNkosi uSalimani. Ngako-ke uMphiliphili akakhombisanga ukwethembeka eNkosini yakhe uSalimani unquma ukukhohlisa iNkosi yakhe, ukukhetha uhlangothi ngobhontshisi omhlophe, wamukela imali evela kuhulumeni wabelungu ukuze indawo yeNkosi uSalimani itholwe yibo abelungu.

[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukuthi uyasemukela/akasemukeli isenzo sikaMphiliphili, wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

19.10 Angizwelani naye ngoba wayehlela yonke into ngobuqili, elwisa abantu bakaSalimani, ethula nobufakazi enkantolo obungelona iqiniso. Ngangingakhuluma nohulumeni, sithole indlela yokuphilisana kahle nabantu bakaSalimani, ngeluleke uhulumeni angayithathi indawo kaSalimani ngendlela engenabo ubulungiswa.

Nikeza amamaki amathathu uma ezwelana/engazwelani nomlingiswa wasekela bese eveza ukuthi wayengenzenjani.]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-39 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**:
Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lwamabanga esakhiwo somdlalo okuyisethulo, ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka, uvuthondaba nesiphetho.

**UMZIMBA**:

**Isethulo**

Lapha sethulelwa umlingiswa ongummeleli onguPhindisiwe ogane uThamsanqa wakwaMathonsi, uthola ucingo esebhange i-Forum oluvela kuNkululeko owayeyisoka lakhe ufuna ukuba babuyelane bathandane, aphinde afune ingane yakhe.

**Isisusa sodweshu**

- Ukubuya kukaNkululeko ejele. UPhindisiwe noNkululeko bakhumbuzana izimfihlo abanazo bobabili.
- UPhindisiwe noNkululeko benza ubugebengu bokuthi uNkululeko athwalele uPhindisiwe icala lokushayisa ingane ngemoto yashona.
- UNkululeko udonse iminyaka emithathu ejele, edonsela icala angalenzanga egqitshwe uPhindisiwe ngemali eyizinkulungwane.

**Ukubhebhetheka kodweshu:**

- UNkululeko uya kwaMathonsi, ufuna ingane yakhe uZiphozonke.
- UNkululeko uthembisa uMaMhlongo noMathonsi ukuthi uzobuya esephethe ubufakazi bokuthi uPhindisiwe ungumkakhe osemthethweni.

**Isixakaxaka:**

- UNkululeko ushayela ucingo emzini kaThamsanqa, ucingo lubanjwe uThamsanqa uNkululeko angakhulumi, anxaphe aluvale.

- UNkululeko uphinda ushaya ucingo lubanjwe uPhindisiwe baphendulane ngokuxabana, kuqhamuke uThamsanqa, uPhindisiwe aluvale ucingo.
- UPhindisiwe uqamba amanga kuThamsanqa uma embuza ukuthi ukhuluma nobani, uphendula ngokuthi isoka likaNokuphika ebelishaya ucingo.
- UPhindisiwe uphendula ucingo, uthethisa uMaMhlongo, umbiza ngesikhohlakali ngoba ecabanga ukuthi ukhuluma noNkululeko.
- UNkululeko ubuyela kwaMathonsi uphethe incwadi yomshado wakhe noPhindisiwe kanye nesithombe esisikwe ephephandabeni, 'Ifa Lamehlo'
- UThamsanqa uya kwaMakhunga ufuna izingane zakhe okunguPhindisiwe umkakhe noZiphozonke ingane yakhe.
- UThamsanqa uxabana noMakhangela umtshela ukuthi ngeke azithole izingane.
- UThamsanqa afune imali yamalobolo, uMakhangela uyamdelela, unqaba ukuyibuyisa.
- UPhindisiwe uhamba noNkululeko ukhohlisa uSarah ukuthi akavule endlini. Abangani bakaNkululeko baphoqa uSarah bafuna isikhiye sasebhange.

**Uvuthondaba:**

Umuntu wesibili ubikela amaphoyisa ngokwenzeka ebhange. Kufika maphoyisa abopha uNkululeko nabangani bakhe oMaqoma noSikela kanye noPhindisiwe ngokuntshontsha imali ebhange.

**Isiphetho:**

Umdlalo uphetha ngopholavuthondaba. UNkululeko nabangani bakhe bathola izigwebo ezahlukene. UPhindisiwe uyagwetshwa, unika uThamsanqa, incwadi eyayinenkondloyokuxolisa. UThamsanqa akhale, ekhumbula izifungo zomshado abazenza.

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**:
(Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.)
Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa wonke amabanga esakhiwo ukukhulisa indaba yakhe isuka esingenisweni lapho ethula ummeleli onguPhindisiwe inkinga abhekene nayo iyaxazululeka esiphethweni uyagwetshwa axolise kuThamsanqa.

[Ohlolwayo anganika izibonelo ezahlukene ezinembayo ezihambisana namabanga esakhiwo.

[Nikeza amamaki uma ohlolwayo ebhale i-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwayo, enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha ulekelelwa irubrikhi] **[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

21.1 Umlandi usitshela ngendawo. UPhindisiwe noNkululeko bazogqekeza ebhange. UPhindisiwe ungena emnyango wokuqala elandelelwa uNkululeko, omunye wesigebengu wasala eqaphile.

[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umsebenzi womlandi wasekela] (2)

21.2 Umyalezo odluliswa yilesi siqeshana uthi akumele welekelele ebugebengwini njengoba uPhindisiwe welekelela uNkululeko ekuntshontshweni kwemali ebhange ekubeni naye engumsebenzi waseBhange.

[Nikeza amamaki amabili uma ewunikezile umyalezo wasekela] (2)

21.3
- UNkululeko uxabana noPhindisiwe babanga ukuthi uPhindisiwe akamtshelanga ngekhamera esemnyango.
- UPhindisiwe ubize uNkululeko ngesilima ngoba uNkululeko ecabanga ukudubula ikhamera ngesibhamu.
- UNkululeko ufuna ukudubula uPhindisiwe ngoba embonisa imali encane

[Nikeza amamaki amathathu uma elufingqile udweshu] (3)

21.4 UMaMhlongo uthuswa ukubona uhlanya luqukula uZiphozonke luthi uyingane yalo layoziphonsa kwelikhulu ihlozi elengamele isiziba sikaMaminzela lapho kungayi libuyayo. Uthe esalandela ethwele izandla ekhanda kwaqubuka igovu waphaphama.

[Nikeza amamaki amathathu uma elichazile kafushane iphupho] (3)

21.5 Bobabili banothando olunezimfihlo ngoPhindisiwe. UNkululeko uthandana noPhindisiwe azi ukuthi ushadile, wenzela uPhindisiwe izinto, umthengela izimpahla zokugqoka, umyela ejele ngecala lokushayisa ingane ngemoto kanjalo noThamsanqa uthi noma ethola ukuthi uPhindisiwe unezingane azishiye kubo kwaMakhunga uyamthanda akabatsheli oMathonsi noMaMhlongo/ Uthando abanalo ngoPhindisiwe alufani. UNkululeko wayengenalo uthando lweqiniso ngoPhindisiwe ngoba wayazi ukuthi ushadile, wayemsebenzisa kanti uThamsanqa yena wayenothando lweqiniso ngoPhindisiwe aluphelanga ngisho esezwa ukuthi kade emgqokise ijazi sonke lesi sikhathi ekhulisa uZiphozonke okungesiyo ingane yakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile ngokuvezwa kwabalangiswa ngothando ababenalo]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)

21.6 Wawuzoba mubi ngoba uKholekile wayezohlala ethukile esabela impilo yakhe ngenxa yokuthi waba ngufakazi wombuso enkantolo ngenkathi uNkululeko eboshelwe ukuntshontsha imali ebhange.

[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umphumela wase eyasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

21.7 Inhloso yombhali ukuqwashisa ngezinhlobo zobugebengu esezibhokile esikhathini samanje njengoba uNkululeko edonse ejele ngecala likaPhindisiwe, ukushintshwa kwezithombe zomshado, ukwakhiwa kwezitifiketi zomshado nokugqekeza ebhange.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

21.8 La magama aveze ithoni yokujabula kakhulu. UNkululeko ujabulela ukubona ukuthi ikhona imali eningi ebhange akangenelanga ize, uyifaka esikhwameni sakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma eyichazile ithoni wasekela] (3)

21.9 Asamukelekile. USikela usebenza eMnyangweni wezaSekhaya. Ngakho-ke uSikela kwakufanele athembeke kuhulumeni omqashile, angandisi imikhonyovu eyenziwa ngabasebenzi bakahulumeni futhi agweme ubugebengu obuhlelwa uNkululeko bokumenzela isitifikethi somgunyathi somshado kaNkululeko noPhindisiwe.

[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukuthi uyasemukela/akasemukeli isenzo sikaSikela, wasekela]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

21.10 Ngiyazwelana naye ngoba kwakungesiyo inhloso yakhe yokudelela uThamsanqa kodwa wayephoqelekile ukuthi amdelele njengoba wayephoqelekile ukulandela imiyalelo kaNkululeko owayemkhombe ngesibhamu. Ngangingamshayela ucingo uThamsanqa ngixolise ngakho konke okubi engikwenzile kokumdelela ngiphinde ngibuyise amalobolo akhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma ezwelana/engazwelani nomlingiswa wasekela bese eveza ukuthi wayengenzenjani]

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa]

(3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

## RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA

## ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE**<br><br>Ukuhunyushwa kwesihloko<br>Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**6 AMAMAKI** | **5–6**<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo. | **4**<br>-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenkondlo luhle. | **3**<br>-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo<br>-Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko<br>-Amanye amaphuzu asekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi<br>-Ulwazi lwenkondlo olugculisayo. | **2**<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle<br>-Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko<br>-Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle. | **0–1**<br>-Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko<br>-Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo. |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI**<br><br>Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula<br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**4 AMAMAKI** | **4**<br>-Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu<br>-Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni<br>-Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo. | **3**<br>-Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle<br>-Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | **2**<br>-Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo<br>-Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile<br>-Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo. | **1**<br>-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka<br>-Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi<br>-Ithoni nesitayela akugculisi kahle. | **0–1**<br>-Isakhiwo asihlelekile kahle neze<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. |

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Izinkomba | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kuyagculisa | Akugculisi kahle | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE** | **12–15** | **9–11** | **6–8** | **4–5** | **0–3** |
| Ukuhunyushwa kwesihloko<br>Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 AMAMAKI** | -Impendulo enembayo:<br>-Impendulo enhle kakhulu:<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala. | -Ukuhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenye ezicaciswe kabanzi<br>-Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko<br>-Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi<br>-Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile<br>-Amaphuzu ambalwa asekela isihloko<br>-Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko<br>-Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | -Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko<br>-Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo<br>-Amaphuzu awanelisi nhlobo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI** | **8–10** | **6–7** | **4–5** | **2–3** | **0–1** |
| Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula<br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 AMAMAKI** | -Isakhiwo silandelana kahle kakhulu<br>-Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu<br>-Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle<br>-Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | -Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle<br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle<br>-Amaphuzu ageleza kahle<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | -Isakhiwo siyabonakala kancane<br>-Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha<br>-Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile<br>-Izigaba eziningi zibhaleke kahle. | -Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso<br>-Amaphuzu awahlelekile kahle<br>-Amaphutha olimi agqamile<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. | -Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu<br>-Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **20–25** | **15–19** | **10–14** | **5–9** | **0–4** |